U DD MABUZA ETHULA UHLELO LWAKHE LWANGONYAKA KA 2012/13

Pic's and Story By:Milton Malatse
Translated by: Lindokuhle Simelane

Undunankulu wesifundazwe uDD Mabuza uye wathula injongo yakhe ngesifundazwe saseMpumalanga yonyaka ka 2012/13. uye waqaqa inhloso nendlela yakhe azimisele ukuyisebenzisa kulesifundazwe eminyakeni emihlanu ezayo. Lendlela kuhlelwe ukuba iqale ngenyanga kaMeyi kulonyaka. Umlayezo wokuzwisisa nokwazi kabanzi izihlalo zamakomidi kuzoba yindlela yabaphathi eya empumelelweni.

Okunye okusemqoka abafuna ukulwisana nakho ukuqeda inhlupheko, Ukuvula amathuba emisebenzi, ukwakhiwa kwezindlu kwakhelwa asebakhulile, izingane eziswele kanye nabakhubazekile. Kuzobuye kunikezwe izingane izingubo zesikole,abantu abadala bazosizwa ukuba babe nomazisi, Abantulayo bazonikwa ukudla kwamahhala. Abahamba phambili ezinhlelweni zikaNdunankulu abafundi abaphumelela ngamalungelo ezifundweni zabo, ezokwakhiwa kanye nezomnotho.

Undunankulu uzimisele ngokwakha ubuhlo bo nabezindaba kanye nabepolitiki ngoba yena ukholelwa ekutheni abezindaba banamandla ekwaziseni umphakathi noma ngayiphi intuthuko eyenzakalayo.

Ubuye waveza nokuthi zingu R158,103 000 izigidi zezindodla ezibekelwe umnyango wakhe.Ubuye wagxeka ukutshotshwa kwezintambo zikagesi kanye nokushiswa kwezindlu zabaholi bezindawo (concilor) okwenziwa ngumphakathi osuke utelekile.Abantu kumele bazikhuze bona ngoba yibo kanye ababuye bazobuza ngazokanye lezinto abazicekela phansi.

Uqhube wathi ukucekela phansi kwempahla kwenza umnotho wesifundazwe untengantenge kubuye kwenze intuthuko ihambe kancane. UMabuza ubuye wathinta nodaba lwamanzi amancane kulesifundazwe nokuyisimo esibucayi kodwa aphezukwaso. Umnyango usuzibophezele ukunikeza umphakathi ngezinsiza ngaphansi kwesikhathi esincane u Mabuza uqhube wathi umnyango wakhe uzimisele ekuthuthukiseni imiphakathi yesifundazwe saseMpumalanga

Undunankulu wesifundazwe uDD Mabuz

Umqongeleli zimali eMpumalanga

Pic's and Story By:Milton Malatse
Translated by: Lindokuhle Simelane

Ungqongqoshe wezezimali uNkosazana Pinky Phosa uqale ngokukhumbuza izethameli ngokwashiwo ngumsunguli wenhlangano kakhongolose u Dokotela uPixley ka Isaka Seme, lapho atshela khpna labo Ababephila naphansi kwencindezi yezepolitiki nezomnotho ukuthi "Ukhongolose usuphenduke iphalamende yokuveza imizwa yawowonke umuntu waseMzansi".

Uqhube wathi abantu bakuthokozela ukwazi ukuthi kunenhlangano ezimisele ukuzwa izimvo zabo ibuye ibe ikhaya labo abangathembela kulo okuyi ANC.

Nomakunjalo umama uPhosa ubeke etafuleni imali engangezigidi ezingu R255.340 ezimalini zesifundazwe, ngamafuphi okungamaphesenti angu 15 akhuphuke esigabeni sokukhuphulwa kwezimali okuphele mhlaka 31 kuMashi walonyaka.
Umnyangho wezokukhushulwa kwezimali ufake izigidi ezingu 8 zamarandi ukuthuthukisa abomasipala ekubeni izigidi ezingu 7,5 ibekelwe umnyango We NGO kusifundazwe sonke.

Uphinde wakha phezulu ngobudlelwane bezinhlangano ezimbili obakhiwe yi NGO.Uphethe ngelokuthi umnyango usuthole isisombululo ekongeni imali okuzosimamisa umnotho wesifunda.

Ungqongqoshe wezezimali uNkosazana Pinky Phosa uqale

INKULUMO YOMQONGELELI ZIMALI WEZAMASIKO, EZOKWAKHA KANYE NEZEMIDLALO

Pic's and Story By:Milton Malatse
Translated by: Lindokuhle Simelane

"Ngizizwa ngithobekile namuhla ngizonazisa kabanzi ngenkulumo mpikiswano yezokuqongelela emayelana nezebhola, ezamasiko kanye nezokwakha". Umnyango unikwe igunya lokuba ubhekane dnezinkinga ezihlupha umphakathi wakithi.

LIBRARIES
Ezinye zezinto ebezimqoka kakhulu kwezokuqongelela ngonyaka odlule kube ukuthuthukisa amankontileka okwakha. Undunankulu uSibongile Manana ekhuluma mayelana nemitapo yolwazi (LIBRARIES) ubeke wathi sekuqedwe imitapo yolwazi emibili yase Hluvukani kanye ne Botleng, kanti imiphakathi yakulezizindawo sebezokhona ukusebenzisa lemitapo yolwazi. Zingu 47,020 izinsiza zidingo zemitapo yolwazi ezizohlomulisa umphakathi. Ingu 105 imitapo yolwazi enikezwe igunya lokusebenzisa i "internet" okuzosiza umphakathi ngolwazi olunzulu. Imali eyizigidi ezingu R29.922 isibekwe eceleni ukuqedela ukwakhiwa kwemitapo yolwazi ngonyaka ka 2012/2013 kulezindawo ezilandelayo Masoyi, Libangeni, Driefontein nase Klarinet. Lohlelo luzosiza ekuthuthukiseni nemiphakathi yase Shantale, Middlelburg nase Ermelo.Izigidi ezingu 11 isibekwe eceleni ibekelwa ukwakha eminye imitapo yolwazi ezoba nama 'internet' ngaphakathi.

SPORT
Kwezemidlalo uqhube wathi sekubhaliswe ngokusemthethweni izikole ezingu 792 kwezingu 1846 kulesifundazwe.Ngomhlaka 28 no 29 kuMeyi kuzobe kunenkomfa yezemidlalo. Ungqongqoshe uMnu P B Soobrayan ukhiphe isexwayiso ukuba zonke izikole zibhalise kwezemidlalo zizokwazi ukubamba ixhaza Uqhube wathi bazoqeqesha othisha abangu 880 ukuba babe ngabasisi ekuholeni izingane kwezemidlalo phecelezi abo coach. "Siziqhenya kakhulu ngenkundla yethu lana esifundazweni saseMpumalanga ngokusilethela imidlalo emikhulu nebalulekile okubalwa kuyo nowe Bafana Bafana, PSL, Rugby, nowamanqamu we NEDBANK, nokwavulela abathandi bebhola amathuba ukuba i SAFA ibone amakhona abo.

CULTURE
Kwezamasiko umama u Manana uthinte into ebalulekile kakhulu eyashiwo ngowayengumengameli wezwe u Thabo Mbeki lapho athi khona "ngingum- afurika" mhla ethula inkulumo yakhe ngo Meyi 1996.Uphinde wathi i 'coat of army' nayo idlala indima enzulu kumasiko esintu lana eMzansi. Nezamasiko nazo zifakiwe ohlelweni lwezomnotho waseMzansi.

Undunankulu uSibongile Manana